

# The Msunduzi Municipality



Private Bag X 321  
Pietermaritzburg  
3200  
(033) 392 2002

City Hall, Chief Albert Luthuli Street  
Pietermaritzburg  
3201  
[www.msunduzi.gov.za](http://www.msunduzi.gov.za)

Enq: Amnesty Help Desk    Tel: 033 392 2126    E-mail: [amnesty@msunduzi.gov.za](mailto:amnesty@msunduzi.gov.za)

15 October 2018

**TO: MSUNDUZI MUNICIPALITY VALUED CUSTOMER**

Dear Sir/Madam

**UKUBIKEZELWA KWESIBONELELO SIKASHWELE KANYE NOXHASO LWABAHlwempu**

UMkhandlu uthatha lelithuba ukubonga uxhaso oluvela emphakathini waseMsunduzi obukhokhela kahle izikweletu zaho nyanga zonke kubalulwa onyakeni wezimali owedlule. Loku kuyancomeka kakhulu futhi kuhambe ibanga elide ekuthunyelweni kwezidingo ngqangi zomphakathi.

UMkhandlu waseMsunduzi ubambe umhlangano ngo 25 September 2018, kulowomhlangano wacubungula umbiko owabe uqukethe izinselelo ezikhungethe izakhamazi zaseMsunduzi, waphinda wahlaziya izinqumo ezazithathwe UMkhandlu ngaphambilini, UMkhandlu wabe usunquma ukunikezelu isibonelelo sikashwele kwizakhamazi kanye nabahlali baseMsunduzi abazithole bephambana nemithetho yoMkhandlu (bylaws) kanye nezinquqomomo (policies). UMkhandlu ubese uthatha isinqumo sokudlulisa isibonelelo sikashwele sokwehliselwa izikweletu kulezo zakhamazi nabahlali abazithole behluleka futhi bengazikhokhile izikweti zabo ekupheleni konyaka wezimali odlule – 30 June 2018. Lomkhankaso uzophinda ngendlela ekhethekile nesheshayo uqoqe uhla lwabantu abahlwephu okufanele ukuthi bafakwe ohlelweni lwabantu abahlwempu (Indigent Register).

Ukuze uhlomule kuloluhlelo kuzodingeka ukuthi ufake isicelo sakho ngokugcwalisa lelifomu elihambisana nalencwadi, uma usuligcwalisile ebese ulidlulisa ezindaweni ezifanele eziwaqoqayo lamafomu. Lelifomu lizothatha imizuzu engevile kweyishumi ukulicgwalisa. Lizodinga ikakhulukazi iminininingwane yakho kanye neye account yakho yakamasipala. Uma usulidlulisile lelifomu, kungakapheli amasonto amane, uzothola iSMS(umyalezo) ezobe ikwazisa ukuthi isicelo sakho sesigaba sokuqala sitholakele, iSMS izophinde ikunikeze ireference(inombolo yokulandeleta) namba yesicelo sakho. Uma kuphela amasonto amane ungatholanga iSMS enereference namba yakho, loko kobe kusho ukuthi ifomu lakho alifikanga eMkhandlwini, uyacelwa ukuthi ugcwalise futhi uthumele elinye ifomu uphinde ulithumele. ISMS inereference namba ingubufakazi bakho bokuthi isicelo sakho usithumelile futhi sifinyelele eMkhandlwini, futhi lereference namba kumele uyigcine njebgezikhali zamaNtungwa ngoba izodingeka njalonjalo uma kuqhubele loluhlelo. Uma uyitholile iSMS, uzobe usudlulela esigabeni sesisibili sohlelo lokudlulisa isicelo sakho. Uzonikezwu ifomu lesibili [lelifomu lizotholakala ezikhungweni zonke sikaMasipala] okuyilonake elizosisiza ekucubunguleni isicelo sakho. Lelifomu kuzodingeka uthathe isikhathi sakho ukuligcwalisa ngobunono. Uma usuligcwalisile ifomu lesibili, wafaka nereference namba oyithole kumakhalekhukhwini wakho uzolithumela lelifomu kuMasipala. Uma lelifomu selitholakele uMkhandlu uzoba nendleala okwazisa ngayo ukuthi litholakele.

Isicelo sakho uma sesicubunguliwe, kwalungiswa okumele kulungiswe wasayina izinto okumele uzsayne, uyobe usuthola incwadi eyobe ikutshela ukuthi isicelo sakho siphumelele noma qha. Ngaleyondlela uyacelwa ukuthi wenze isiqiniseko sokuthi uyayithumela yonke iminininingwane edingekayo ngohlelo lwesicelo sakho. Kungenzeka ukuthi ngesikhathi isicelo sakho sicubungulwa kube khona iminininingwane ephinde icelwe, noma abasebenzi bakaMaspala kudingke ukuthi bayokwenza ucwaningo ekhaya lakho, ulindelekile ukuthi ubambisane nabo kuloluhlelo ukuze isicelo sakho siphumelele. Uma kwenzeka udikibala endleleni, uhluleka ukuthumela iminininingwane yonke ekufanele uyigcwalise, nezinto ezidingekayo uhluleke ukuzithumela, uhluleke nokubambisana nabasebenzi boMkhadlu abenza ucwanigo, loko kuyokwenza ukuthi isicelo sakho singaphumeleli. Umkhandlu uzokwenza konke okusemandleni ukukusiza ukuthi isicelo sakho siphumelele, wena ulindeleke nje ukuthi ubambisane nabasebenzi boMkhadlu zikhathi zonke.

Uma ifomu yokuqala, le ehambisana nalencwadi isifikile emkhandlwini, yacutshungulwa, uyobe usucelwa

**OFFICE OF THE CITY MANAGER**

Telephone/uCingo: 033 3922002  
Facsimile/iFekisi: 0868047309

Private Bag / Isikhwama: X321  
Pietermaritzburg/ePietermaritzburg 3200

ukuthi udlulele esigabeni sesibili esibalula ukugcwaliswa kwe fomu lesibili, kusukela lapho kuyaphambili abasebenzi boMkhandlu abaphathelene nezicelo zikashwele bayobe sebexhumana nawe size siphumelele isicelo sakho.

Imikhakha ethintekayo kuloluhlelo Iwezibonelelo zikashwele:

**A - Ugesi - Electricity**

1. Uma uthola ukuthunyelela ugesi uMasipala kodwa ungawukhokheli nangenxa yanoma iziphi izizathu,
2. Uma ukuthunyelela kukagesi kwakho kwanqanyulwa ngenxa yezizathu ezithile wabe usuzixhumela wena ngokwakho noma wasebenzisa abathile ukuthi bakusize,
3. Uma imitha lakho likagesi lithikameziwe noma ingayiphi indlela njegokuthi nje: imitha lakho alisenawo ama "Seals", imitha lenziwe ukuthi lihambe kancane ukuze wonge imali, izintambo zidluliswe ngendlela yokuthi imitha lingabali ugesi odlulayo, noma intoni eyenza ukuthi ungawukhokheli ugesi ofanele,
4. Uma ukuthunyelela kukagesi kwanqanyulwa ngenxa yokuthi wathikameza ukusebenza kwemitha (tampering), awukaze ube nemali yokukhokhela itampering fee, kuze kube imanje awunawo ugesi,
5. Uma ukuthunyelela kukagesi kwanqanyulwa ngenxa yesikweletu, awukaze ube nemali yokukhokhela ukuphinda uxhunyelela ugesi (reconnection) kanye neyokukhokhela isikweletu, kuze kube imanje awunawo ugesi,
6. Unendlela owazifakela ngayo igesi (direct connection), awunamitha futhi izixumele nje ugesi futhi awukhokheli ugesi,
7. Awunayo ibreaker (MCB) ugesi wakho uyazigelezela nje unganqandwe lutho
8. I MCB yakho inkulu kunaleyo oyikhokhelayo, ngaleyondlela uMkhandlu uyalahlekelwa imali ngokukuthumelela ugesi,
9. I MCB yakho ithikameziwe ngandlela thize,
10. I MCB yakho icishiwe indawo iveza isilinganiso sama (Amps) ewadonsayo futhi,
11. Kunamamitha amanangi kagesi asebhokisini lakho lemitha udinga ukuthi uMkhandlu wakhipe,

**B - Amanzi nokuqoqwa kwendle - Water and Sanitation**

1. Uma unamanzi owadonsayo kodwa imitha yamanzi ingekho futhi ungathunyelela isitativende esinezindleko zamanzi,
2. Uma uthunyelela amanzi futhi nemitha yamanzi ikhona kodwa awuthunyelela isitativende esinezindleko zamanzi ngoba imitha lakho lingekho kwi billing system,
3. Uma uzifakele elakho ipayipi lamanzi eliwahambisa engadlulanga emitheni lamanzi,
4. Uma uzifakele amanzi ngokwakho ungazange wenze isicelo sokufakelwa amanzi uMasipala ukuze ufakelwe uyena ngokulandela imigomo yokufakelwa amanzi,

**C - Ukuqoqwa nokupathwa kwezimali - Budget and Treasury(Finance)**

Loluhlelo lumbandakanya abantu abanezikweleti ezabe zingakhokhiwe ngo 30 June 2018 abacela ushwele.

1. Izikweletu zamanzi, no Gesi kanye nokuqoqwa kwendle,
2. Inzalo eyenezelela ngoba kungakhokhiwe isikweletu,
3. Abantu abathumele izikhalo ngama accounts abo kodwa bekungakaphothulwa ukuhlaziya kwavo,
4. Ama accounts abehlaziya ngenxa yezicelo zamakhasimende kodwa abengakaphothulwa ukuhlaziya kwavo,

**D - Noma okuphi okunye ukuphambana nomthetho - Any other Breach**

Noma ikuphi okunye ukwephula komthetho (bylaws) noma inqubomgommo (policies) oyaziyo futhinofuna ukuthi uMkhandlu ukwenzele ushwele kuyo. Kulendawo uzodinga ukuthi ucacise kabanzi khona lesosicelo sizokwazi ukucubunguleka.

Uyaxwayiswa ukuthi uqonde ukuthi uma ungalithathi lelithuba elivezwa uMkhandlu, emva kwaloluhlelo umkhandlu uzoqala uhlelo lokuhlol wonke amamitha kagezi kanye nawamanzi ukuthi kutholakale ukuthi angangohlelo olukwlsystem yoMkhandlu noma qha. Uma kutholakala ukuthi awuzange ucele ushwele kanti ukuthunyelela kukagesi kanye namanzi kwakho kuphambene nendlela yohlelo lomkhandlu, umkhandlu yobe usulandela yonke imithetho [bylaws] nezinqubomgommo [policies] ukuqondisa izimo. Loko kungakulandela izindleko ezinkulu ebezingga sedingo. Ngakhoke thatha lelluthuba ukulungisa izinto sakho.

---


**OFFICE OF THE CITY MANAGER**

Inqubomgomu ye credit control and debt collection policy, neminye imithetho kamasipala kanye nemithetho embandakanyekayo yase Republic of South Africa iveza ukuthi uMkhandlu ungakukhokhisa imali ebizwa nge penalty njengoba iqoshwe phansi kwi Register of Tariffs kuphinde kuqoqwe kuwe nemali elahlekile ngalolukukuthikamezeka kwemitha kuze kube isinyanga ezingu 36 ezedlule.

Okubalulekile ukuba sikuqonde, sizosebenzisa uhlelo lokuthi ifomu elilodwa lizosetshenziselwa i account eyodwa. Amakhasimende awazovunyelwa ukusebenzisa ifomu elilodwa ukuthumela izicelo eziningana.

Uma ufune enye incazelo ngalololuhlelo noma ufuna imininingwane eyevile kulena, uyanxuswa ukuthi uthintane nomsebenzi woMkhandlu kulenombolo 033 392 2126 noma kule email address: [amnesty@msunduzi.gov.za](mailto:amnesty@msunduzi.gov.za)

Yimina ozithobayo



M N N GCOBO  
IBAMBA LOMPHATHI WEDOLOBHA

---

#### OFFICE OF THE CITY MANAGER

Telephone/uCingo: 033 3922002  
Facsimile/iFekisi: 0868047309

Private Bag / Isikhwama: X321  
Pietermaritzburg/ePietermaritzburg 3200